**IHHOVISI LOMHLELI**

Suite D6, Block D,
Meyrickton Park,
2 Meyrickton Place
Hillcrest,
KwaZulu-Natal,
3610

PO Box X821
Hillcrest
3650

editor@msunduzinews.com

**IZIKHANGISO**

Mayelana nezidingo zakho zokukhangisa ungaxhumana nathi kule nombolo: 086 511 4171 noma kule email: sales@igunundu.com

**THOLA I-MSUNDUZI NEWS**

Iphephandaba uMsunduzi News litholakala eMgungundlovu namaphethelo. Uma ufisa ukuzitholela amakhophi oMsunduzi News, ungaxhumana nathi kule
Email: sales@igunundu.com
noma ngocingo ku: 031 765 6662 / 081 257 7392

**ISIBOPHEZELO**

IMsunduzi News izinikele ekuletheni izindaba eziyiqiniso ngolimi lwakho. Izintatheli zethu ziqeqeshwe ngokwanele futhi zihlale zenza okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi ezikubhalayo kucwaningwe ngokuphelele ngaphambi kokwethulela abafundi.
Uma unombono noma izindaba obona zifanele ukushicilelwa i-Msunduzi News sithinte kule mininingwane; Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392, Fax 086 511 4171, Email: editor@msunduzinews.com noma usibhalele ku: PO Box 533, Hillcrest, 3650

**ILUNGELO LOKUSHICILELA**

I-Msunduzi News ishicilelwa yi-Igunundu Press, (Pty) Ltd. Konke okushicilelwe kuleli phephandaba, ngisho amagama asoshicilelweni lwasemoyeni (online), okufaka izindaba nezithombe ungokwelgunundu Press Images, ngaphandle uma kuveziwe ukuthi akunjalo. Ilungelo lokushicilela noma ukusebenzisa okushicilelwe kuleli phephandaba ngelegunundu Press (Pty) Ltd, ngokomthetho i-Section 12(7) of the Copyright Act of 1978. Imibono eshicilelwe kuMsunduzi News akuyona eyoMhleli, abasebenzi noma abashicileli baleli phephandaba.

**UKUCOPHELELA**

Uma ubona amaphutha ezindabeni esizilobile, siyacela ukuba usazise ukuze siwalungise. Ungasithinta ngenye yalezi zindlela ezingezansi.
Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392,
I-fax: 086 511 4171,
I-email: editor@msunduzinews.com
Ikheli: PO Box 533, Hillcrest, 3650

## Ithimba loMsunduzi News

| | |
|---|---|
| Umhleli Omkhulu | nguZakhele Nyuswa |
| Umhleli Wezindaba | Sabelo Mbatha |
| Abadidiyeli | Zweli Xala |
| Ukuhanjiswa Kwephepha | Mnyamezeli Mtaka |
| Abathwebuli | Siyathaba Mhlongo |
| | Andile Mahlaba |
| Ohlela Amakhasi | Rajesh Mungroo |
| Intatheli | Siyathaba Mhlongo |
| | nguMfo wakwaNomajalimane |
| | Sabelo Maphumulo |
| | Luvuyo Thahla |

@MsunduziNewsOfficial @MsunduziNews editor@msunduzinews.com

IGUNUNDU PRESS

**UMA UNOMBONO:** Thumela imibono yakho kuleli kheli: Suite D6, Block D, Meyrickton Park, 2 Meyrickton Place, Hillcrest, KZN, 3610. Incwadi yakho kumele ibe negama nekheli lakho futhi ingeqi emagameni angamakhulu amathathu. Incwadi kumele ifinyelele kuMhleli lingakashayi ihora lesihlanu ngemiSombuluko.
**EMAIL**: editor@msunduzinews.com
**FAX**: 086 511 4171. Umhleli unelungelo lokufingqa incwadi ebhalwe yeva enanini elibekiwe lamagama.

Press Council

UMsunduzi News uzinikele ekusebenzeni ngaphansi kwemigomo yePress Council yakuleli, ethi izindaba kumele zibikwe ngokweqiniso, ngokucophelela, ubulungiswa obuhambisana nokunikwa kwethuba kwabathintekayo. Uma usola ukuthi le migomo asiyilandeli ngendlela, xhumana noPress Ombudsman ngokumbhalela ku-2nd Floor, 7 David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 noma ku-PO Box 47221, Parklands 2121. Ungathumela ne-email ku-pressombudsman@ombudsman.org. za. I-website ithi www.ombudsman.org.za

**IMPI YOKHUVETHE**

# Ukubambisana nabanye ohulumeni

**nguSabelo Maphumulo**

Ukuhlenga impilo yabantu ngenye yezinto okubukeka imqoka kuHulumeni. Emva kokuba eMsunduzi kutholakale isisebenzi esihaqe ukhuvethe eMakethe yendawo, uMsunduzi ulekelelana noMnyango Wezemvelo Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya oholwa uMhlonishwa uBongi MaSithole Moloi sebeqinisekise ukuphepha kwezisebenzi nabathengi kuleya ndawo ukuthi bangasuleleki ngalesi sifo.

IMeya uMzimkhulu Thebolla kanye noMhlonishwa uMaSithole Moloi bafike kule Makethe babheka ukuthi akukho yini okungaba nobungozi empilweni yabantu, baphinde babheka ukuthi akukho yini okungalandeliwe okubekwe inhlangano iWorld Health Organization (WHO) kanye noMnyango Wezempilo ukuqinisekisa ukuphepha kwabantu baseMsunduzi. IMeya uThebolla ithe: "Ngithanda ukuqinisekisa wonke amalungu omphakathi ukuthi kuphephile ukusebenzisa iMakethe yethu, isizathu esenze ukuthi sivakashele le ndawo ingoba besingafuni ukubeka impilo yabantu engcupheni."

Iqhube ngokuthi isizathu esasenza bangayivali iMakethe ukuthi babefuna ukuqinisekisa ukuthi ukudla kukhona emphakathini waseMsunduzi njengoba le ndawo idayisa ngezithelo. Ithe ngesikhathi kutholakala ukuthi lesi sisebenzi sesihaqwe yilesi sifo, babe sebethenga zonke izimfanelo zokubulala amagciwane ukuqinisekisa ukuphepha kwabantu.

Ibe isenxusa izisebenzi kanye namakhasimende ukuthi babike noma ikuphi abakubona kungabeka impilo yabo engcupheni kanjalo nalabo abazisolayo ukuthi cishe bahaqwe yilesi sifo, okungaba ukuthi bathelelene ngoba bebesenza bonke.

UMhlonishwa uMaSithole Moloi uthe: "Sinxusa abantu ukuthi balandele lokhu okwakushiwo nguMengameli ukuthi behlise imimoya bangaxhamazeli, umuntu otholakalile ubengucashier futhi lapho ebesebenzela khona kuvalekile, hhayi ukuthi kuvalekile ngoba kuhenqiwe kepha kuvalwe ngengilazi. Okunye futhi ukuthi ngesikhathi etholakala wayefake isimfonyo kanye namagilavu. Okungihlabe umxhwele ukuthi izisebenzi zakwaMasipala zikubeka phambili ukuphepha."

Ube esebonga izisebenzi ngokulandela ezokuphepha okubekiwe, ngokubeka isibulalimagciwane emnyango, nalapho kukhokhelwa khona impahla kanjalo nokuqinisekisa ukuthi ibanga elingangemitha elilodwa phakathi kwabantu liyalandelwa njengoba kade kumakiwe phansi lapho umuntu kumele ame khona.

Emva kwalapho babe sebeya eCedara eSoil Fertility and Analytical Service Lab lapho uMnyango okhiqiza khona izibulalimagciwane. Inhloso bekuwukoluleka izisebenzi nabalimi ukuqinisekisa ukuthi baphephile kanti kunenhlanzeko nalapho kukhiqizwa khona lesi sibulalimagciwane khona kuzonqotshwa ukhuvethe.

Njengendlela yokuqinisekisa ukuphepha kwezakhamuzi zaseMsunduzi kube sekuqhutshwa uhlelo lokuhlanza. Kuhlanzwe irenki entsha izisebenzi zophiko lwakwaWaste zafutha nemigqomo.

Lokhu kwenzeke ngesikhathi lapho kuvaliwe ukusebenza kwezithuthi zomphakathi nokuwumyalelo woMnyango Wezokuthutha ukuthi izithuthi zisebenze ngesikhathi esithize.

Akugcinanga ngokufutha kuphela kepha lolu phiko luhlanze nezindlu zangasese, kwasikwa utshani ngaphandle kwerenki. IMeya uThebolla, uSotswebhu uVusi Ntshangase kanye nelungu lesigungu esiphezulu uZanele Ngcobo bashayele lezi zisebenzi izandla ngokusebenzisa leli thuba ukuhlanza izindawo.

"Sizoqinisekisa ukuthi lokhu okwenziwe kule renki akupheleli khona kepha kuzokwenzeka kuwo wonke akhona lapha edolobheni ukuqinisekisa ukuthi ahlanzekile futhi aphephile," kusonga iMeya uThebolla.



**UMhlonishwa uNkk uSithole-Moloi noMeya uThebolla evakashele iMkondeni Fresh Produce Market** (Isithombe: KZNDARD

# Izinhlelo zokuphephisa izisebenzi nomphakathi

**nguSiyethaba Mhlongo**

UKUBHEDUKA kokhuvethe kuholele ekutheni kuphakame amaphaphu kuzakhamuzi zaseNingizimu Afrika. IMeya yanxusa izakhamuzi ukuthi zehlise amaphaphu khona kungeke kube nokuxhamazela nakulabo abasebenzayo ikakhulukazi abasebenza ngomphakathi. UMasipala usuwenze izinguquko ukuze ungabeki engcupheni izimpilo zalabo abasebenza ngomphakathi.

Isigungu esiphezulu soMkhandlu sibize umhlangano ophuthumayo wokudingida okumele bakwenze njengoMkhandlu ukuvikela izakhamuzi zaseMsunduzi. IBamba leMeneja, uNkk uNelisiwe Ngcobo, lithe bakubone kumqoka ukuthi baxhumane kahle nomphakathi.

ISikhulu sehhovisi leMeneja, uNks uMedelien Jackson, senze izethulo esigungwini zabazokwenza ukuzama ukunqanda ukubhebhetheka kwaleli gciwane kulandela inkulumo yesakhamuzi sokuqala eNingizimu Afrika uMengameli uCyril Ramaphosa.

"Njengoba uMengameli ethe akumele kuhlangane abantu badlule e-100 sizohlehlisa imicimbi ebesesiyihlelile, ngenhloso yokuxhumana nomphakathi, siphinde sigweme umhlangano woMkhandlu ngoba uba nabantu abangaphezu kwe-100 uma sekuhlangene amakhansela, izisebenzi kanye nabezindaba." kusho uNks uJackson.

Izindawo zomphakathi ezilawulwa uMasipala njengamahholo ngeke zivuleleke emphakathini nalabo abese bebefake izicelo zizohoxiswa, amapaki kanye nezindawo zokubhukuda zizovalwa. Izindawo ezimqoka zikaMasipala okungamele zivalwe kunohlelo lokuhlinzekwa ngezibulalimagciwane. Ukusayinwa kwamarejista kuzogwenywa lapho kumqoka umuntu kuzomele asebenzise ipeni lakhe.

Indawo lapho kuthathwa khona izincwadi zamakhansela (proof of residence) kunxuswa umphakathi ukuthi usebenzise amahhovisi amakhansela asemawadini ukugwema ukuthi azithole eseyizisulu zalolu bhubhane. Kanjalo nokusetshenziswa kwemitapo yolwazi kunqunywe ukuthi kuzolawulwa ngendlela ethize ukuze kuncishiswe isibalo sabantu abambondelene ndawonye.

Izisebenzi zophiko i-Occupational Health zizohambela amarenki kanye namakhaya abadala ukuhlinzeka ngezibulalimagciwane, kuphindwe kuqeqeshwe namakhansela ukuze adlulisele ulwazi emphakathini.

UNkk uNelisiwe Ngcobo uthe usethinte uMnyango Wezezimali ukuba ubanike imvumo yokuthi basebenzise imali ukuthenga lokho obekungekho kusabelomali ukuze bazame ukulwisana nokhuvethe.

UMlawuli woMkhandlu uMnu uScelo Duma ephawula ngokuhlehliswa kwemcimbi uthe: "Izimbizo aziwuphoqeleli uMasipala ukuthi zibe khona, ukuba khona kwazo kuhle ngoba uMasipala uthola ithuba lokukhuluma nomphakathi uphinde wenze izethulo kodwa kuzomele kusetshenziswe amaphepha ukuxhumana nomphakathi, lokho nomthetho uyakuvumela kokulawulwa koMaspala."

Uqhube ngokuthi iMeneja ayinawo amandla okukhipha umyalelo wokuthi kuthengwe izinto ngokushesha, kuzomele iMeya isebenzise amandla ayo ukwenza ukuthi asebenzise imali engafakiwe kusabelomali.

IMeya uMzimkhulu Thebolla ithe: "Engikubona kumqoka ukuthi singagxambukeli emsebenzini woMnyango Wezempilo, okumqoka ukuthi siqinisekise ukuthi abazophelelwa amanzi esibhedlela esihlonzwe njengelaso esizobhekana nokhuvethe."

Ithe kuzomele kwenziwe isiqiniseko sokuthi izinsiza ziyafinyelela emphakathini.

"Okumqoka ukuthi siphinde sivikele izisebenzi zethu singabeki impilo yazo engcupheni yokuthi bazithole sebehaqwa ileli gciwane," kuphetha iMeya.



**UNks uMadeleine Jackson**
Isithombe: Sithunyelwe

# UMasipala uyingxenye yempi yokhuvethe

**nguSiyethaba Mhlongo**

UMASIPALA yiwo oba semehlweni abantu kuHulumeni njengoba kuwuHulumeni wasekhaya. Njengoba kuqale ukhuvethe eNingizimu Afrika, owokuqala owabanjwa nalesi sifo wakhonjwa eMsunduzi.

Ukuqhubeka kokubhebhetheka kwalesi sifo kwaphoqelela ukuthi uMengameli wezwe, uCyril Ramaphosa, avale izwe mhla zingama-26 kuNdasa.

IMeya kaMasipala uMsunduzi, uMzimkhulu Thebolla, isiqede izinsuku ezingama-250 yaba yiMeya yeNhlokodolobha yaKwaZulu-Natal.

UThebolla waqokwa kulesi sikhundla emva kokuba uMsunduzi ungene ngaphansi komlawuli.

Okuhlukile ngoMsunduzi esifundeni uMgungundlovu wukuthi iwona onesibalo esiphezulu sabantu abazinze kuwo uma uqhathaniswa nabanye omasipala abakha uMgungundlovu.

UMsunduzi unabantu abangama-60% eMgungundlovu, okusho ukuthi okwenzeka khona kuthinta impilo yabantu abaningi kulesi sifunda.

Elandisa leli phephandaba uThebolla, uthe: "Ukuqala kokuvalwa kwezwe kwakuyinto entsha kithina sonke, sasikulesi sigaba sokungazi okuzokwenzeka, kepha obekumqoka kithina ukwenza isiqiniseko sokuthi okuwumklamo kaMasipala siyakwenza, okuwukuguqula impilo yabantu ibe ngcono, siphinde sibe uHulumeni osondelene nabantu."

Uqhube ngokuthi emva kokuhamba kwesikhathi sebethola ukuthi ukuvalwa kwezwe kusebenza kanjani, babe sebeqala sebebeka okumele bakwenze njengoMasipala.

"Kusuka ngosuku lokuqala lokuvalwa kwezwe asibanga nazinkinga edolobheni njengokuba nabantu abaluvanzi nabangawuhloniphi umthetho, kwaqala mhla kuholwa okokuqala isibonelelo sikaHulumeni ukuthi kube nabantu abaningi lokhu okwenza ukuthi uma sekuholwa isibonelelo sesibili kuvalwe izwe sibize labo abasebenza ukuwelisa izingane zesikole ukuthi basilekelele ngokuqapha abantu ukuthi bayakwenza yini okulindeleke kubona kanye namabhizinisi ukuthi ayayilandela yini imigomo yokuvalwa kwezwe," kusho yena.


**UThebolla eyingxenye yokuhlanzwa kwerenki** Isithombe: ngu-Andile Mahlala

Iqhube ngokuthi ngenxa yokufuna ukuvikela izakhamuzi zaseMsunduzi, sebenqume ukuthi kube umsebenzi kaMasipala ukuqapha abantu ezikhungweni zokuholela isibonelelo sikaHulumeni ukuqinisekisa ukuthi ibanga okumele lisale phakathi kwabantu liyagcinwa.

"Laba esibacelile ukuthi basilekelele bahamba ngezinyawo idolobha lonke uma uhamba ungasifakile isimfonyo bayakubuza kanjalo noma uhleli phansi ukuthi uhlaleleni ngoba izwe livaliwe umuntu kumele enze akuzele bese ephinda ekhaya," kulanda iMeya.

Ithe ifisa izakhamuzi zikhumbule ukuthi isigaba sesi-3 sokuvalwa kwezwe asisho ukuthi sekukhululekiwe kepha ukuthamba kweminye yemigomo eyayibekiwe ukuze kufukuleke umthetho. Kusukela kwaqala ukuvalwa kwezwe eMsunduzi benza indawo yabangenamakhaya abanye babo abahlala emgwaqeni.

"Ukuqoqa abangenamakhaya sakwenza ngoba sihlose ukuvikela abahlala emgwaqeni bangahaqwa yileli gciwane. Abantu abahlala kuleliya khaya bangama-250 abesilisa babe ngama-50 abesifazane. Akusikhona ukuthi bayahlala nje kuphela kepha bahlinzekwa ngokudla kathathu ngelanga, izingubo zokugqoka nokunakekelwa kwezempilo," kulanda uThebolla.

IMeya ithe uMasipala usebenzisana nezinhlangano ezingenzinzuzo, uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi nenhlangano yamabandla, iKwaZulu Natal Christian Council (KZNCC), ukuqoqa imnikelo kwabafisa ukuphonsa esivivaneni.

"Ukunquma ukusebenza nalezi zinhlangano neminyango ebhekana nempilo yabantu ingoba iningi labantu abahlala kulezi ndawo selingene ezidakamizweni, okubenza basingathwe ngobuchule futhi kuqondwe ababhekene nakho, yingakho kunezinhlelo zokuqinisekisa ukuthi bayakhekha."

Iqhube yathi sebeqale ukuthola kulaba ukuthi yini abafisa ukuyenza ngokwezemfundo ngoba bayakholwa ukuthi umuntu ungena emkhakheni anothando lwawo.

IMeya ithe uMasipala uyahlangabezana nezinkinga ukuqhuba umsebenzi kuleliya khaya, eyokuqala ukuqoqa iminikelo ngoba uMkhandlu awukwazi ukuziqoqela wona usunqume ukuthi usebenzisane neKZNCC.

"Isithombe sikaMasipala asisihle kubantu ngenxa yokuthi sangena ngaphansi komlawuli lokhu okwenza abantu bangabaze ukuthi bafake imali yabo, yingakho sanquma ukusebenzisana nalezi zinhlaka zomphakathi esikholwa ukuthi izakhamuzi zizothembela kuzona," kusho iMeya.

Iveze ukuthi sebeqoke inkampani ebulala amagciwane efika njalo ezakhiweni zikaMasipala.

"Siyaqinisekisa ukuthi kulezi zindawo ezingena amalungu omphakathi abulawa njalo amagciwane. Nasemahhovisi ethu lokhu kuyenziwa ngoba siyakholwa ukuthi uma singavikela izisebenzi zethu kobe kusho ukuthi sivikela nemindeni yazo okuzokwenza uMsunduzi ophephile."

Ithe baqale ngokwenza lokhu emarenki. "Ngesikhathi kuseyisigaba sesi-5 amarenki ethu ayevaliwe amatekisi ema ngaphandle ngoba babebancane abantu yilapho-ke sathola ithuba lokukhuculula amarenki. Ngenkathi sesingena ezingeni lesi-3 sesilindele umthamo omningi wabantu.

Ngesonto eledlule siqoke inkampanai ezokhuculula wonke amarenki ukuze kuvikelwe abantu bakithi," kusho iMeya.

Idalule ukuthi kukhona isisebenzi emakethe kaMasipala esatholakala sinokhuvethe. Ithe: "Sisebenzisana noMnyango Wezemvelo noWokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya senza isiqiniseko sokuthi imakethe iphephile kubathengi nasezisebenzini. Ngokungenelela koMnyango Wezempilo isisebenzi namalungu omndeni waso baba ku-isolation ngenhlanhla akekho owayesathelelekile."

Iphethe ngokuthi selokhu kwaqala ukuvalwa kwezwe izisebenzi zikaMasipala ziqoqa imfucuza eziyilanda ngokweqisa isonto.

"Ukuvalwa kwezwe kusinikeze ithuba lokuthi sikhuculule idolobha sibone nezinto eziyinkinga edolobheni, esikutholile ukuthi izinwele nezindwangu zivala izitamukoko edolobheni, sibonile ukuthi kuzomele siqinise isandla kulezi zindawo ezenza lezi zinto ngoba kubukeka zizosidalela inkinga kakhulu, manje sesisibuyisile isithunzi sedolobha lethu, okumqoka ukuthi siligcine linje." kusho iMeya uThebolla.

UKHUVETHE

# Izisebenzi nelukuluku lokubuyela ensimini

**nguLinda Ximba**

Ezinye izisebenzi zilokhu zagcina emsebenzini zingama-26 kuNdasa ngesikhathi uMengameli uCyril Ramaphosa ememezela ukuthi kuzovalwa izwe ngenxa yokhuvethe. Ngokuqhubeka kokuvalwa kwezwe wamemezela ukuthi izwe lizolokhu livulwa imikhakha ethize ukuze kulawuleke ukubhebhetheka kwalesi sifo.

Ezinye zezisebenzi ziyakuthakasela ukuthi zihola zingasebenzanga ikakhulukazi lezo ezaziyo ukuthi zisebenza ngokugcwele kuphela zilinde imyalelo kaMengameli ukuthi zibuye, nokho akusizo zonke njengoba ezinye sezinqume ukufinqa imikhono zayolungisa lapho zisebenza khona ukuze zizame ukugcina izindawo zazo zihlanzekile futhi ziziqhenya ngazo.

INduna, uMnu uNavesen Pillay, eqaphe indawo yokubhukuda i-Olympic Swimming Pool yena neqembu lakhe okunguMnu Delani Mbanjwa, uMnu uSibusiso Sigudo, uNks uBernadine Ranjeeth noNks u-Algene Jenneker sebenze izinhlelo zokuthi bayigcine ihlanzekile le ndawo. UMbanjwa osebenza kule ndawo uthe: "Sifake ingcindezi kubaphathi ngoba indawo yethu siyayithanda, ukuhlala kwethu emakhaya kuyasigqilaza ngoba vele sizothi sibuya nomsebenzi usumkhulu ekugcineni umsebenzi odinga thina."

Uqhube ngokuthi ayikho inzuzo yokuhlala ekhaya kuyakhathaza ngoba imsebenzi ababebona ukuthi kumele bayenze emakhaya sebaqeda ngayo akusekho abasakubona bekuhlalele khona. Ngenkathi lifika leli phephandaba lithole uMbanjwa esika utshani esebenzisa umshini, esexoxa uthe: "Ngokomthetho ukunquma utshani akusiwo umsebenzi wami kepha ngeke ngilinde abantu engingazi ukuthi bayofika nini ngibe ngazi ukuthi ngiyakwazi ukwenza lo msebenzi." Uthe lokhu abakwenzayo abakwenzi ngobumpimpi into abayikhuluma beyizisebenzi ukuthi bacele ukubuyela.

UPillay osesebenze iminyaka emibili njenge nduna kule ndawo enomlando omuhle ekulawulweni kwezindawo zokubhukuda njengoba eqale eWoodlands waya e-Alexandra nakuBuckanen Street uthe: "Ngiqale ukuba nothando lwale ndawo eminyakeni emibili eyedlule lapho sengisebenzisa nemali yami ngoba ngibona ukuthi kunezinto okungathi ziyalimala. Ilapho engabona khona ukuthi kumele ngithinte abantu abathize balungise ukubiya, izimbobo esangweni siphinde silungise iPaddling Pool kanye namalambu ukuze kukhanye kubukeke kahle."


**Izisebenzi zoMsunduzi** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyathaba Mhlongo)

Uqhube wathi njengoba kungakashiwo ngokusemthethweni ukuthi ababuye, ubone kusemqoka ukuthi kube yibo abazozitholela izivikeli okuyizimfonyo, izibulalimagciwane kanye namagilavu.

"Lezi zinto zinikelwe inkampani kankosikazi wami iPlatnum Sergical," kusho yena.

Uthe esikhathini esingangenyanga esedlule uthe edlula ngendlela wabona ukuthi isithunzi sabo sizodicileleka phansi esebona kugcwele ukhula. "Ngakhuluma nomphathi wami uMnu uMandla Zuma ukuthi singakwazi yini ukuthi okungenani singene amaviki amabili, ngamazisa ukuthi nginazo izivikeli ukuze siphephe, wahlola ukuthi kukulungele yini futhi yizo lezi ezidingekayo wabe esevuma," kusho uPillay.

Uthi usesebenzise imali engangezi-R16 000 ephuma ephaketheni lakhe ukulungisa le ndawo asebenza kuyona. "Ngiyazi ukuthi ngingangaba namandla okuhambisa ukudla umuzi nomuzi kepha lokhu engikwenzayo kuwukubuyisela emphakathini."

UPillay uthenge nomshini wokusika utshani kule ndawo ayiqaphile.

"Nginqume ukuthenga umshini ngoba bengibona izisebenzi zigqilazeka uma ngithi ngilinde umshini kubaphathi. Ngabona kungcono ukuthi ngiwuthenge khona bezokwazi ukusebenza lapho bebona kungcono ukuthi basebenze khona bangalawulwa ukushoda kwezinsiza kusebenza," kusho yena.

Uqhube ngokuthi bazokwenza konke okumele bakwenze ukuze bagcine le ndawo ihlanzekile, into abangeke bayenze kuze kushiwo ukuthi bavula nini ukukhipha amanzi endaweni yokubhukuda. "Ngeke sikwazi ukuthi sikhiphe amanzi okwamanje ngoba kungafana nokuthi sithela amanzi emhlane wedada, uma ufaka amanzi kumele anakekelwe kanti uma siwafaka sizophinda siwakhiphe uma sekuvuliwe lokhu kuzobe kusho ukuthi simosha amanzi. Sisazoqhubeka kodwa sihlanze konke okunye," kusho yena.

Uphethe ngokubonga izisebenzi wathi selokhu asebenza nazo imnyaka emibili azikaze zikhononde ngalutho. Uthe baliqembu elikulungele ukusebenza. Ezinye izisebenzi zisabile ukukhuluma nentatheli yephephandaba.

ISABELOMALI NOMNOTHO WENDAWO

# Sesilungele ukusebenza isikhumulo i-Oribi

**nguSiyethaba Mhlongo**

NGOKUYA kuxegiswa kancane kancane ukuvalwa kwezwe ngezigaba uMengameli wezwe, uMnu uCyril Ramaphosa, wamemezela ukuthi mhla lulunye kuNtulikazi kunezikhumulo zezindiza ezizovulwa kodwa zizobe zisetshenziswa yilabo abahamba ngokwebhizinisi.

Isikhumulo sezindiza saseMsunduzi, i-Oribi Airport, sibe phakathi kwezikhumulo eziyisi-7 okumenyezelwe ukuthi ziqale ukusebenza.

IMeneja yalesi sikhumulo, uNks uNontobeko Mofokeng, ilandise leli phephandaba ngezinhlelo abanazo ukuqala ukusebenza njengoba kungasasetshenzwa ngendlela eyejwayelekile. UNks wakwaMofokeng uthe: "Sesikulungele ukusebenza isikhumulo sethu sezindiza. Emva kokuba sesithole umyalelo wokuthi sesingasebenza isikhumulo sezindiza sesisihlanze ngezibulalimagciwane okwesine kusukela kwaqala isigaba sesithathu semvalelwakhaya ngoba izikole zokufundisa ukushayela izindiza zanikwa imvume ukuthi sezingaqala ukufundisa ngesikhathi kuqala lesi sigaba. Ngakho-ke lesi sikhumulo besisetshenziswa yilaba abafundayo kuphela besingakavuleleki emphakathini."

Uqhube ngokuthi ngaphambi kokuba umuntu angene esakhiweni sesikhumulo uyahlolwa okuhlanganisa namazinga okushisa bese ehlanzwa izandla ngesibulalimagciwane.

"Uma amazinga okushisa engaphezulu kwama-37,50C sizonikeza umuntu ithuba lokuthi athi ukuphola imizuzu ephakathi kwemihlanu kuya kweli-10, uma ingehli sizophoqeleka ukuthi singakwazi ukumvumela ukuba angene ngaphakathi kwesakhiwo," kusho uNks uMofokeng.

Mayelana nokuphepha kwezisebenzi uthe zivikelwe ngemipheme ezihlukanisa nabantu ezibasizayo esikhumulweni, ngamashield mask ukuqinisekisa ukuthi abatheleleki ngokhuvethe. "Senze isiqiniseko sokuthi kuzo zonke izindawo zethu zinezibulalimagciwane ikakhulukazi



**IMeneja yase-Oribi Airport uNks uNontobeko Mofokeng**

Isithombe: Igunundu Agency / nguSiyethaba Mhlongo

lezo ezithintwa ngezandla njalo," kusho yena.

Ngesikathi leli phephandaba lifika kulesi sikhumulo lithole uNks uMofokeng ezibambele mathupha enza omaka phansi athe lokhu ukwenzela ukuqinisekisa ukuthi labo abasebenzisa lesi sikhumulo bayawuhlonipha umgomo wokuqhelelana kwabantu ngegebe okungenani eliyimitha elilodwa.

Kulesi sikhumulo izindiza ziqale ukusebenza mhla ziyisi-6 kuNtulikazi.

UNks wakwaMofokeng uthe uma beqala ukusebenza bazoqala ngezindiza zasekuseni nantambama, ezasemini ngeke zibe khona.

"Izindiza ezikhona ezisuka lapha (Msunduzi) ziya e-OR Tambo International Airport. Lezi ezinabaninizo yizona esibona zizoba matasa kakhulu ngoba ziya noma ikuphi kuleli lizwe," usho kanje.

Uqhube ngokuthi unxusa abagibeli ukuthi bathole imininingwane yezindiza ku-inthanethi ukugwena ukugcwala esikhumulweni futhi bangababmbi imigqa noma baxhumane nezisebenzi zakulesi sikhumulo.

"Sinxusa izakhamuzi ukuthi izincwadi zazo ezibagunyaza ukuthi zingahamba zizithumele ngaphambi kokubekisa izindiza. Esikhumulweni kuvumeleke labo abahambayo kuphela, abaphelezele kanye nabazohlangabeza abasavumelekile ngoba sinciphisa isibalo sabantu abasebenzisa isikhumulo. Nabagibeli abavumelekile ukuthi bangene esakhiweni nokugibela izindiza bengazifakile izimfonyo," kusho yena.

Uthe ngaphambi kokuba abagibeli bangene endizeni bazohlolwa ukushisa futhi.

"Uma kutholakala ukuthi umgibeli unamazinga aphezulu okushisa uzonikezwa isikhathi sokuphola ngoba kungenzeka ukuthi kukhona okumcasulile mhlawumpe kwanyuka amazinga akhe okushisa, uma kuwukuthi awehli ngeke sikwazi ukumfaka endizeni, uzophoqeleka ukuthi ajike ayofuna usizo lwezempilo."

Uthe yingakho benxusa abagibeli ukuthi bafike kusanesikhathi okungenani esingangehora ukuze bakwazi ukwenza kahle izinto okumele zenzeke bangaze bashiywe yizindiza ngoba umuntu efike emva kwesikhathi. Uqhube ngokuthi abezokuphepha bazobheka izimpahla baphinde baqinisekise ukuqhelelana kwabantu.

"Kwelulekwa abagibeli ukuthi bakhumule yonke into ezokwenza ukuthi umshini ohlola izikhali ukhale ngisho ubucwebe, ibhande kanjalo nemali ewuhlweza. Uma umshini uqhubeka ukhala uzonxuswa ukuphindela emuva, ukhiphe lokhu okukhohliwe, uma kuqhubeka onogada bazosebenzisa umshini ozwa insimbi uma kwedlula lapho bazophoqeleka ukuthi basebenzise izandla," kusho uNks wakwaMofokeng.

Uqhube wathi kulabo abakhonze ukuhamba nezilwane akuvumelekile kodwa kuvunyelwa kuphela labo abahamba ngebhizinisi. "Isikhumulo sethu sisetshenziswa kakhulu izingane zesikole okungezona ezaseMsunduzi ngakho zizothola incwadi evela esikoleni ezosetshenziswa."

Uphethe ngokuthi izibulalimagciwane zizobe zikhona ngaphambi kokungena lapho kuma khona izimoto kanti nezinqola zemphahla nazo zizohlanzwa.

IMeneja yesifunda enkampanini i-Airlink, uMnu uShameel Deeplaul, ithe: "Isizathu esenza ukuthi siqale mhla ziyisi-6 kule nyanga ukuthi siyinkampani asifunanga ukuxhamazela ngoba nakhu sesithole igunya lokusebenza kepha kumele silandele yonke imigomo singathathi izindlela ezisheshayo okungagcina kubeke abagibeli engcupheni."

Lesi sikhumulo sinenkampani eyodwa yezindiza okuyi-Airlink.

UKUHLALISWA KWABANTU

# Selukhona uhlelo lokukhuculula imijondolo

**ngu-Anathi Mtaka**

NGOKWEZIBALO zoMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu esifundazweni KwaZulu-Natal, imijondolo isiyonke ingama-269 337 kanti isifunda esinesibalo esiphezulu i-EThekwini ngama-208 434, kulandele uMgungundlovu onezakhiwo zemijondolo engama-39 394.

Njengegxathu lokulwa nokusabalala kokhuvethe, uMnyango Wezemvelo kanye noKuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya ususebenzisane noWezokuhlaliswa Kwabantu ukuletha ochwepheshe abazokwenza kubelula ukuhlanza izindawo zabantu ikakhulukazi imijondolo.

Le minyango isebenza noMasipala wesiFunda uMgungundlovu kanye noMasipala basekhaya. IMeya kaMasipala wesiFunda uMgungundlovu uNkk uThobekile Maphumulo ithe: "Izindawo esizihlonzile ukuthi kuqalwe ngazo ukukhucululwa ikwaJika Joe, iseSacca kanye naseMerrivale ngoba izona ezinemikhukhu eminingi, asifisi ukuthi abantu bathelelane ngaleli gciwane." Iqhube yathi okusemqoka ukuthi izakhamuzi zizijwayeze ukugeza izandla bese ziphinda zilandela imiyalelo ekhishwa uHulumeni ikakhulukazi uMnyango Wezempilo.

UMnu uThokozani Magagula woMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu uthe: "UMnyango uhlinzeke izakhamuzi ngamaqhuzu ensipho, sahlanza ngezibulalimagciwane imijondolo.



**UMasipala uMsunduzi nomkhankaso wokuhlanza imijondolo**

(Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo)

UMasipala uMsunduzi ube usufaka amathangi amanzi ukuze angabapheleli futhi bawakhe eduzane ngoba amanzi awumgogodla wenhlanzeko."

Uthe imikhukhu engama-3000 kwaJika Joe ihlinzekwe ngensipho, eSacca kwaba engama-4000 kwathi eMerrivale engama-250. Ekhuluma naleli phephandaba uMagagula uthe, ubukhulu bamijondolo yakwaJika Joe ngamahektha ayisi-7 lapho basebenzisa amalitha angama-581 esibulalimagciwane kanye nensipho eyizi-6000. ESacca ngamahekta ali-10 basebenzisa amalitha angama-880 esibulalimagciwane kanye nensipho eyizi-8000, eMarrivale ali-124,5 amalitha kanti bahlinzeke ngensipho engama-500.

"Imali esetshenzisiwe ukulekelela lezi zindawo izi-R201 000," kusho uMagagula.

Echaza ngokuthi asinabo yini ubungozi noma ubuthi lesi sibulalimagciwane abasisebenzisayo uthe: "Izisebenzi zethu ngaphambi kokuthi zingene emizini yabantu ziqala zifundise okumqoka ukuthi izakhamuzi zithathe imizuzu emihlanu uma sekufuthiwe ngaphambi kokuba zingene endlini."

Ikhansela le-Inkatha Freedom Party (IFP) eMsunduzi uMnu uDennis Ntombela lithe: "Lesi sifo sibiza ukuthi thina baholi sibumbane senze lokho okulindeleke kuthina, simele labo esibaholayo, sibeke eceleni ipolitiki yamaqembu, sisindize impilo yabantu bakaNkulunkulu. Iqembu lethu lisebenza ngokubambisana noHulumeni, uzokhumbula ukuthi nathi siyi-IFP sithe saphonsa esikhwameni iSolidarity Fund ukuze kuzohlengeka izimpilo zabantu."

Ikhansela laseSacca uNks uSandra Lyne lithe: "Kunzima ukuthuthukisa indawo yaseSacca ngoba noma engabe uMasipala ufisa kanjani, inkinga ukuthi indawo engaphansi komuntu. Siyakuthakasela lokhu okwenziwa uHulumeni wesifundazwe ukuzama ukuhlenga izimpilo zabantu, inkinga ukuthi akukazeki ukuthi iyophela nini imijondolo eSacca ngoba siyabona uMasipala uyazama ukulwisana nayo njengoba nakwaJika Joe bakhelwa izindlu lapho bezohlala khona futhi ezinesithunzi."

IMeya yoMsunduzi uMzimkhulu Thebolla ibonge igxathu elithathwe uHulumeni wesifundazwe nokuhlonzwa nguMasipala wesiFunda ukulekelela abantu bakulo Masipala ikakhulukazi labo abaxakekile. "Inhloso nesesifisa ukukuzuza ukuthi isibalo salabo abahaqwe yilesi sifo singanyuki, labo abangakasitholi bahlinzekwe ngezinsiza."

IZINOMBOLO EZIMQOKA - UKULWA NENKOHLAKALO 0801 000545 FAX 0800 007788

# Isabelomali nokuvikela izakhamuzi

**Ngenxa yokhuvethe nonyaka isabelomali sethulwe ngendlela eyehlukile. Sigxile ekuhlinzekweni kwamanzi, ukuqoqwa kwemfucuza nezindlu**

**nguSiyethaba Mhlongo**

MINYAKA yonke uma kuqala unyaka omusha wezimali kulindeleka ukuthi iMeya yethule isabelomali kuzinkumbi zabantu. Kulokhu ngenxa yokhuvethe kuphoqeleke ukuthi imicimbi ebihleliwe ihlehliswe. Neyesabelomali ingeminye ebenalelo lishwa. Kodwa ngenxa yobumqoka bokuthi sibe khona isabelomali uMsunduzi unqume ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana ukuze izakhamuzi zibeke indlebe, zizwe ukuthi kwabiwe kanjani.

Njengengxenye yeqhingasu lokuzuza izithameli eziningi zaseMsunduzi, amabhizinisi obumnandi iChilla Nathi, iSundace kanye neCookeirs Experience asebenzise izinkundla zawo zokuxhumana ezinabantu abaningi abalandela amakhasi abo ukuthi bathamele lesi sabelomali.

IMeya uMzimkhulu Thebolla ngesikhathi yethula isabelomali sezigidigidi ezi-R5,9 sonyaka wezi-2020/21, ithe kulo nyaka kuzobe kungowama-65 kwavunyelwa abantu ukuthi bazibandakanye noHulumeni kanjalo nakulokho abakufisayo (Freedom Charter), yathi ifisa abantu baqinisekise ukuthi izakhamuzi kumele zizizwe ziyizakhamuzi zakuleli. "Sizibophezele ekubeni uHulumeni wasekhaya othuthukayo, odala amathuba omsebenzi, oletha izinsiza emphakathini, othuthukisa izindawo lapho kuhlala khona abantu kanjalo nohlinzeka ngezindawo eziphephile," kusho iMeya.

Iqhube ngokuthi ukhuvethe luphoqelele ukuthi bathathe izinqumo ngokushesha bengabaholi futhi ezinqala. Ithe lesi sikhathi akusona esokudlala ipolitiki engathi shu kepha isikhathi sobumbano ukuze kulekeleleke abampofu. IMeya ithe uHulumeni usanezingqinamba ukwelekelela kakhulu labo abangasibo omacaphuna kusale njengoba abanye ingqalasizinda ibavumela ukuthi bathenge nge-intanethi balethelwe izinto lapho behlala khona, kwabanye akwenzeki. "Kuyasithokozisa ukuthi isigaba sesi-3 sokuvalwa kwezwe siyawuvumela umnotho wedolobha ukuthi udlondlobale imbijana, lokhu kuzolekelela idolobha ukuthi lisebenzise amaqhingasu eliqhamuke nawo ukufukula umnotho," kusho iMeya.

Ithe sebesebenza ngaphansi kwesiqubulo esithi "We are a City On the Move" esisho ukuthi balidolobha elenza okuthile futhi bayaphendula kulokho okuyizidingo zabantu, bangomabizwa asabele.

"Njengoba ngihola idolobha manje ngithanda ukubonga labo abangiqalela indlela oComrade uRob Haswell, uSimphiwe Gwala, u-Omar Latiff, uHloni Zondi, uZanele Hlatshwayo, uChris Ndlela kanjalo noThemba Njilo," kusho iMeya itusa ezinye esezaphuma ezazihola lo Masipala.

IMeya ithe kuyiphathe kabuhlungu ukubona idolobha lingcolile. "Ngithanda ukuxolisa kulabo abalibone likulesiya simo. Izindaba ezimnandi ezokuthi uMasipala usuqashe isikhulu esiphezulu ophikweni lwakaWaste. Sesinamaqhingasu azokwenza ukulawulwa kwemfucuza kube sezingeni eliphakeme, sesizoqala ukubonakala emphakathini njengoba nemigomo yokuvalwa kwezwe seyithanda ukuthamba."

Iqhube ngokuthi ukuqashwa kweMeneja yeDolobha uMnu uMadoda Khathide kwakuwukuqala kwesigaba esisha nokuletha uzinzo kuMasipala njengoba kunguye umuntu ozokwazi ukuthwala konke okwenzeka kulo Mkhandlu. "Siyaqhubeka nokugcwalisa izikhala zemisebenzi emqoka engenabo abantu abasebenza kuyo, kuyimanje sisezinhlelweni zokuqasha izikhulu ezimbili ze-Infrastructure kanye neCommunity Service."

Ukulwisana nenkohlakalo iMeya ithe izona zinto eziseqhulwini kubo, ikakhulukazi ekubambeni nanoma isiphi isisebenzi sikaMasipala esenza ibhizinisi khona. Ithe bafuna ukulwa nalo mkhuba wamabhizinisi abiza kakhulu uma ezohlinzeka uMsunduzi ngezinsiza kanye nempahla.

"Njengengxenye yokulwisana nobugebengu, sizosebenzisana kakhulu neSafe City ukufaka amakhamera edolobheni kanjalo nasemigwaqeni ukulekelela ukuthi izinswelaboya zisheshe zibanjwe. Sizimisele ukusebenzisana nanoma iziphi izinkampani zokuphepha ezizimele," kusho yena.

Uqhube ngokuthi inhloso ukukhulisa umnotho kanti okuseqhulwini ukudala amathuba omsebenzi ngesikhathi futhi bevikela imsebenzi ekhona. UMasipala uzimisele ukubamba iqhaza ezimbonini ezikhulayo njengeyokuthutha, ezokuvakasha, ezolimo nokudla kanjalo nokwenza ezolimo ibhizinisi njengezindawo zezikhumba kanye nengqalasizinda. Ukuzuza lokhu iMeya ithe bazimisele ukusebenzisana neminyango kaHulumeni.

Iphinde yabonga uMnyango Wezokuthuthukiswa koMnotho Nezokuvasha ngomsebenzi oqalwe eCaluza okuhloswe ngawo ukwelekelela izakhamuzi ukuthi zikwazi ukungena ku-intanethi mahhala okuluhlelo elubone njengoluzolekelela ikakhulukazi labo abampofu. "Kumele sisebenzise ubuchwepheshe emphakathini ukuze ithuthuke ikakhulukazi kwezemfundo, amabhizinisi kanjalo nakwezempilo," kusho iMeya.

"Amanzi aseqala ukushoda emhlabeni wonke jikelele. EMsunduzi sisebenzisa okungenani amalitha angama-800 umuntu ngamunye ngosuku, okuyisibalo esiphezulu kakhulu kunaleso esabekwa emhlabeni okungamalitha ali-173. Lokhu kudalwa izindawo ezinjengekwaVulindlela, iGreater Edendale, iMbali kanjalo nesezindaweni nje ezinye ikakhulukazi kulezo ezinemijondolo."

Ithe idolobha linezigidigidi ezi-R4, okuyimali eliyikweletwa ngabantu ngamanzi kanye nezinye izinsiza ezihlinzekwa uMasipala. Njengengxenye yecebo lokulwa nokulahlwa kwemfucuza ezindaweni okungafanele, uMasipala usuzofaka imigqomo ezindaweni zakobantu okulindeleke kuthi kuqale ngoNhlangulana ngonyaka ozayo.

"UMasipala uzokwenza isiqiseko sokuthi uhlinzeka umuzi nomuzi ngemigqomo engama-240 amalitha."

Iqhube ngokuthi eminyakeni emithathu eyedlule, bebenezinhlelo zemizi engama-30 590 okumele yakhiwe yathi engama-2383 isixhunyelwe ugesi, eminye isaqhubeka kulindeleke ukuthi ingenzeki ngesabelomali esisodwa kepha kuwumsebenzi oqhubekayo.

"Izigidi ezingama-R30 zibekelwe ukuthenga izimoto kanye nezinsiza kusebenza zophiko lwakwaWaste." Ithe izigidi ezintathu zibekelwe ukulungisa lezo zimoto ezikhona kepha ezifile. Izigidi ezi-R2, 5 zibekelwe ukuthenga imishini yokusika utshani. Isigidi esisodwa sibekelwe ukuletha ingqalasizinda emathuneni iHollin-Wood kanye naseThembeni ukuze kungasetshenziswa kakhulu iMountain Rise. Ithe njengezinye zezinhlelo zokulwa nokhuvethe sebe beke eceleni izigidi ezili-R15 zamanzi njengoba kulindeleke ukuthi asetshenziswe kakhulu kulesi sikhathi lapho kudingeka khona inhlanzeko.

"UMsunduzi ubhekene nezingqinamba zokuhlinzeka ngezinsiza okwenza singenzi kahle, okukhulu ukuthi lezi zingqinamba ziyakhula ngaphambi kokuthi sisheshe sinyakaze, uma sihluleka kuzophoqeleka ukuthi uMasipala uncike kakhulu emalini oyabelwa uHulumeni, okunzima ukusebenza ngaphansi kwakho. UMasipala uneqhingasu lokusebenza udaba lwezimali iNational Treasury olivumile ukuthi impela ungalisebenzela," kusho yena.

Njengeqhingasu lokuqoqwa kwemali okusezingeni eliphezulu, iMeya ithe uMasipala uzothuthukisa indlela yawo yokusebenza amamitha amanzi uthole imniningwane efanele yalabo abakhokhayo, uthuthukise indlela abayisebenzisayo yokukhokhisa, wehlise nokuqagela. "Lezi zindlela zisetshenziselwe ukubuyisa lezi zigidigidi ezi-R4, ezikweletwa uMasipala."

"Ugesi uzonyuka ngama-6,4% kwa-Eskom, izindleko zezidingo (rates) ama-4,5%, imfucuza ama-4,5%, indle ama-4,5%, amanzi ama-9%. Konke okunye kuzonyuka ngama-4,5% kusuka lunye kuNtulikazi kwephezulu. Ukunyuka kwamanzi kanye nogesi kwenziwe ilabo abasihlinzeka ngakho. UMngeni wenyuse ngama-9% kanti uMasipala awufakanga mali yokwenza inzuzo. Kanjalo nakugesi uMasipala akukho nzuzo ozoyenza."

UMasipala ubeke izigidi ezingama-R244 ukuqeda umsebenzi wezindlu, imali iqhamuka kuMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu. IMeya ithe uMasipala usazoqhubeka uhlinzeke ngengqalasizinda okungenani izigidi ezingama-R65 zibekelwe ukubhekana namanzi.




**IMeya uThebolla** Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo

IZINOMBOLO EZIMQOKA - IZICISHAMILO, UKUHLANGULA 080 00033911




# Ukhuvethe: Kulokhu singabaholi sonke, asibambisane

KUVAMILE ukuthi uma abantu bekhuluma ngamakhansela bathi bakhuluma nabaholi noma nobuholi babo. Ngaphansi kwenqubo yedemokhrasi le nkulumo ayimi ngoba vele njengamalungu omphakathi nasiqokela ukuthi sihole kepha okukhulu kakhulu ukuba sibe yizisebenzi zenu. Nokho esikhathini esiphila kuso ngaphansi kokhuvethe kuyafika kimi ukuthi sonke singabaholi.

UMengameli wezwe uRamaphosa ethula isigaba sesithathu izwe elabe lingena kuso, kule nkulumo ngaphansi komthetho olawula zinhlekele wakhuluma wajula lapho ethi konke "kusezandlelni zethu".

La magama angikhumbuza lawo ashiwo ngumholi wethu nowayenguMengameli wethu wokuqala ngaphansi kwedemokhrasi uMandela omude ngesikhathi ethula ukuthi usezoshenxa emsebenzini wansukuzonke. UMandela wathi konke sekusezandleni zethu ukuba siqhube umzabalazo yena nesizukulwane sakhe ababesekhaleni lawo nabo bewuthatha kwabadala.

Kusuka kuqala ukutholakala kwegciwane lokhuvethe (COVID -19) kuleli uHulumeni wethu ngaphansi koholo lukaRamaphosa ukwenze konke ukwakha izinhlaka zokuvikela ukubhebhetheka kwalesi sifo. Wenze lukhulu ukufundisa kabanzi ngaso, khona lapho wenze lukhulu ukuzama ukuqoqa izimali zokulekelela izakhamuzi nemikhakha eyahlukene ezweni nemi ngaphansi kwegcindezi yezomnotho. Ungowokuqala uHulumeni ukuvuma ukuthi ngenxa yokujula komgodi lokhu asekwenzile akwanele.

NjengoMasipala silandela uholo lwakhe uMengameli uRamaphosa noNdunankulu wakwaZulu-Natal senza konke okusemandleni ukuba abantu baphephe, amabhizinisi asebenze ukuze umnotho ugeleze.

Namuhla sibhekene nenselelelo engadingi abaholi kuphela kepha edinga namalungu omphakathi. Sidinga wena njengesisebenzi soMkhandlu ukuthi wenze ngawo wonke amandla onawo ukulekelela ukuba siphume kulo mgodi esikuwo.

Ukunikezela kukaMasipala ngezidingo akungafadalali ubhekile ngoba uma kunjalo kusho ukuthi sonke sizoba sobishini. Kuwe njengelungu lomphakathi elingumzali kusezandleni zakho ukuba uqinisekise ukuthi emndenini, emphakathini nasemsebenzini uvikela abaseduze kwakho ukuze bangangenwa yilesi sifo.

Lolu holo engikhuluma ngalo aludingi iziqu noma izikhundla kepha ludinga isakhamuzi esingagcini nje ngokwazi ilungelo laso kepha nesikwaziyo okumele sikwenze ukuze izwe livikeleke. NjengeMeya yenu ngiyazi ngikhulumela uHulumeni wethu wendawo uma ngithi siyakudinga ukubambisana nawe ukwenza kwenzeke.

Siyakudinga njengoba nawe usidinga. Ingozi yokungahlangabezani yikuthi sonke sizobhubha. Ngishilo ngesikhathi ngethula umbiko wezinsuku ezili-100 ngoZibandlela nyakenye ukuthi sonke siphakathi nolwandle, sisemkhunjini owodwa. Kithi akekho okumele acabange ukuthi uma umkhumbi lo uzika yena yedwa uyosinda.

Asilekelelane siphume kule ngozi esikuyo ukuze sibe nethuba lokuxoxa emva kwendaba ngalokho okumelwe kwenziwe ukugwema okufanayo ngomuso.

# UMsunduzi uvivile ngokuvula imitapo yolwazi

**nguSiyethaba Mhlongo**

SELOKHU kuqubuke ukhuvethe kuphoqelele ukuthi kushintshe indlela yokusebenza nendlela izinto ezenzeka ngayo ezinhlakeni ezahlukene.

Nanoma lisavaliwe izwe kepha kuneminye imikhakha eyisidingo okumele ivulwe.

Njengoba isivuliwe enye ingxenye yezikole, abafundi kumele benze imisebenzi yesikole. UMsunduzi umi ngomumo ukwamukela abafundi. ISikhulu semitapo yolwazi eMsundizi, uMnu uMandla Ntombela, ulandisa ngezinto abazenzile ukuze kube nokuphepha emitapweni yolwazi kulo Masipala.

UNtombela uthe emitapweni yolwazi ayiqaphile eMsunduzi bami ngomumo ukuthola umyalelo kuMnyango Wezobuciko Namasiko kanye naseMkhwandlwini. "Sesilungise zonke izinto kusukela kuzivikeli, ideski ngalinye linesibulalimagciwane. Izivikeli esinazo zingasilondoloza okungenani izinyanga eziyisi-8," kusho uNtombela.

Uqhube ngokuthi isisebenzi ngasinye sizoba nesibulalimagciwane kuyo yonke imitapo yolwazi engaphansi kukaMasipala uMsunduzi.

UMsunduzi unemitapo yolwazi eli-11 ezindaweni ezahlukene kuthi emithathu ibe ngomahamba nendlwana ehambela ezikoleni kanye nasemakhaya abadala. "Imitapo yolwazi yethu ilinde umyalelo kuNgqongqoshe woMnyango Wezobuciko Namasiko ngoba ayenganyelwe uSALGA kuphela kodwa uma uMkhandlu uthi asivule sizovula. Ngokwethu besibheke ukuthi sizovula uma kuqala uNtulikazi," kusho uNtombela.

Uthe okunye abazobe benakho umhubhe (tunnel) wesibulalimagciwane. "Kusetshenziswe enye ikhemikhali ongakwazi ngisho nokudlulisa ukudla kwakho kuyo kungakugulisi, lokho kuhlolwe uMnyango Wezempilo. Sikwenziswe ukuthi sifuna ukuqinisekisa ukuthi sizobe sikwazi ukulawula abantu abangena lapha futhi bangatheleli izisebenzi," kusho yena.

UNtombela uthe kuzoba nezinguquko ngomthamo wabantu abazokwazi ukungena kumtapo wolwazi, lokhu okwenziwa ukuthi ezinye izihlalo zisusiwe ngoba bafuna abantu bahloniphe umyalelo wokuvulwa kwegebe phakathi kwabantu.

Uqhube ngokuthi kulabo abazobe befunda behleli phansi njengoba kukhona indawo eyakhelwe lokho, onogada abazobe beqaphile sebekuqeqeshelwe lokho.

Uthe kuzobe kunezisebenzi ezihlola amazinga okushisa kuwo wonke umuntu ozosebenzisa imitapo yolwazi.

Uzwakalise ukuthi izakhamuzi zizohlolwa uma zingena kodwa isisebenzi sinelungelo lokuthi sitomule umuntu sifune ukubheka ukushisa kwakhe. Uthe usazama ukuhlola ukuthi bangawuthola yini umshini ozokwazi ukuhlonza umuntu onokushisa okungaphezu kwama-380C uveze ubuso bakhe.

"Asinalo inani labantu esithi bazongena ezakhiweni ngoba kujwayeleke abangama-50 kodwa isakhiwo sethu sikhulu futhi sivuleleke ngokwanele phezu kwalokho abantu uma besebenzisa imitapo yolwazi basebenzisa izindawo ezahlukene kepha akusezofana nakuqala manje isibalo sesizokwehla. Sizosebenzisa ukuthi ofike kuqala nguye ozongena futhi akazokalelwa isikhathi ngoba sikholwa ukuthi umuntu oya emtapweni wolwazi usuke enesidingo mhlawumbe omunye uyobhalela ukuhlolwa kwakhe," kusho yena.

Uthe uma umuntu engena emnyango uzothola ithikithi elizobe limkhomba lapho okumele aye khona ukuqinisekisa isibalo sabantu kulelo gumbi. UNtombela uveze ukuthi abantu abayozifundela izincwadi kanjalo nalabo aphethe izincwadi zabo abafuna ukuhlala phansi basavumelekile kepha kusazosebenza ukuthi ngubani ofike kuqala ngoba ngeke izakhiwo zisamumatha umthamo wabantu abebejwayele ukungena.




Ethinta udaba lokubuya kwezisebenzi uNtombela uthe: "Okokuqala sizobheka ukuthi labo abagulayo banakugula kuni silekelelwa uphiko i-Occupational Health njengomuntu ophathwa izinyawo ukhuvethe aluhambisani nezinyawo kodwa onesifo esihlobene nokuphefumula njenge-asthma asikwazi ukuthi simbuyise emsebenzini."

Uthe zonke izinto ezihlinzekwa yimitapo yolwazi zisazoqhubeka zitholakale kepha kukhona abazokuqapha njengezisebenzi zemitapo yolwazi engomahamba nendlwana abahambela imphakathini njengoba kumele kuhlolwe ukuthi amanzi banawo yini.

"Izisebenzi eziya emakhaya abadala njengoba kusanemibiko ethi abantu abaneminyaka yobudala engaphezu kwama-60 yibo abasengozini kakhulu yokuhaqwa ukhuvethe ngeke sizithumele kulezi zindawo ngoba kumele sibavikele," kusho yena.

UNtombela uthe uma sekuqale ukungena abantu inkampani ehlonziwe ukuthi ibulale amagciwane izokweqisa usuku bese iyafutha.

Umtapo wolwazi iBesie Head ingeminye yemihlanu eNingizimu Afrika eyiLegal Deposit Library, eminye eyilolu hlobo iBloemfontain Public Library eseMangaung, iNational Library of South Africa esePretoria Campus neCape Town Campus, iNational Library for the Blinds eseGramhstown neLibrary of Parliament esePhalamende eCape Town.

Umsebenzi weLegal Deposit Library ukuqoqa wonke zonke izinto ezishicilelwe ezweni. Bonke ababhali kumele bathumele kuwo omahlanu imisebenzi yabo. IBesie Head inolwazi oluqala kunyaka we-1830.

Uma umbhali engabhala incwadi bese angayisi kule mitapo yolwazi angaboshwa futhi naye uma incwadi yakhe engayitholi khona emuva kwesikhathi ayihambisa unemvume yokubopha uMbuso. Lokhu kusho ukuthi lo mtapo wolwazi uphethe amagugu ezwe abuye angatholakali ngisho nakwezinye izifundazwe. Okunye Izakhamuzi zaseMsunduzi okumele ziziqhenye ngakho ukuthi uNtombela unguMengameli we-African Library & Information Association & Institution okusho ukuthi emazweni angama-54 akhele izwekazi i-Afrika imitapo yolwazi yenganyelwe uNtombela ophinde abe nesihlalo ku-African Union.

EZOKUPHATHA

# UKhathide uthi uzoba ingxenye yesixazululo

**nguSiyethaba Mhlongo**

NGENXA yesimo uMsunduzi okuso omunye umuntu angalindela ukuthi uma kuqashwa iMeneja yeDolobha ifike nezinguquko eziningi namaqhingasu azoguqula isimo kwesiyiso kube ngesingcono.

IMeneja yeDolobha, uMnu uMadoda Khathide, eqale kulo msebenzi lulunye kuMbasa kophezulu ithi: "Ngokujwayelekile uma ngizoba iMeneja kuMasipala ngivame ukuba namaqhingasu kodwa kulokhu akukho okusha engizofika nakho."

Echaza ngala mazwi akhe uKhathide uthe labo abayizimeneja usebahlolile wathola ukuthi bayizisebenzi angathembela kuzo futhi azibonayo ukuthi zisezingeni eliphezulu, okwakhe ukubapha indlebe, bese befinyelela lapho bephokophele khona.

"Sivela lapho ungabheki izinkinga njengezinkinga kodwa ubheka izinkinga njengesixazululo, iyona ndlela ezosebenza lapha eMsunduzi ngoba izinkinga ezikhona uma ulandela zenziwe ngabantu, ngakho-ke ibona labo bantu abazofika nezixazululo," kusho uKhathide.

Uqhube ngokuthi uMsunduzi uMasipala onabe kakhulu futhi onezinto eziningi ngakho akukwazi ukuthi kungaba nezinkinga zezimali yingakho ezosebenzisa labo abasebenzayo ukuthi bafike nezixazululo.

"Kungasiyona imali kuphela inkinga ngisho nokulawulwa kwemfucuza izinkinga ezenziwe ngabantu kanjalo nemigodi emigwaqeni ukuthi ingalungiseki ingenxa yokuthi kwenziwe ngabantu, ingakho kumele singalukhi phezulu kepha sibheke umongo wendaba nokuyilapho esiphokophele khona," kulanda uKhathide.

Uthe uzobapha indlebe, abasondeze, babe nokumethemba nabo abathembe konke ukwesaba ababenakho ngaphambi kokuthi afike kuphele. "Ngizobe ngitheleka nje ezindaweni lapho besebenzela khona hhayi ukubabizela ehhovisi lami ngoba abakhululeki kuleliya hhovisi futhi uma ubuza imibuzo ukuleliya hhovisi kunezimpendulo ongeke uzithole," usho kanje.

IMeya yathi ibheke okuthathu kuKhathide ngesikhathi engakaqali, ukuqoqa imali ekweletwa uMasipala, ukulungisa udaba lwemfucuza, ukubuyisa isithunzi nosiko lokusebenza kuzisebenzi. Kulokhu uKhathide uthi konke okuwumgogodla ukubuyisa isiko lokusebenza.

"Ukungathembani kwezisebenzi kwenza ukuthi lo Masipala usebenzele emuva, ngikusho lokhu ngoba umsebenzi wakwaMasipala uyanikezelana ngeke uwenze wedwa noma kube nolwazi olufihlile, ingakho kusemqoka ukuthi izisebenzi sibenze zithembane," kusho uKhathide.

Uqhube wathi uzobe engena emahhovisi ngisho alabo abangezona izimeneja futhi engashongo noma bengamulindile, inhloso kuzobe kungasikhona ukuthola okubi abakwenzayo kepha ukwakha indlela yokusebenza futhi bazi ukuthi uma benezinkinga bangaxhumana naye.

UKhathide useke waba ikhansela kusuka ngowe-1996 waba ngusihlalo wamakomiti, waphinda waba ilungu lesigungu esiphezulu kuze kube unyaka wezi-2006. Ngaleso sikhathi esalikhansela wayenguthisha waphinda waba nguthishanhloko efundisa i-Accounting kanye neBusiness Studies. "Kusuka ngowezi-2006 ngaba sengisebenza kuMasipala iLadysmith lapho ngangiyiMeneja Enkulu ophikweni iLocal Economic Development. Kusuka ngowezi-2006 kuya kowezi-2012 benginguSekela weMeneja yeDolobha khona eLadysmith, ngowezi-2012 kuze kuba ngowezi-2017 ngaba iMeneja yeDolobha ngokugcwele. Kusukela ngowezi-2018 kuze kube imanje bengiyiMeneja kuMasipala iDumbe," kusho uKhathide eveza umlando wakhe. Lokhu kusho ukuthi unesipiliyoni sobumeneja seminyaka eli-14.

Esengena odabeni lwezimali uthe emhlanganweni abe nawo nesikhulu sezezimali, uNkk uNelisiwe Ngcobo, uthe bayazikhipha izitatimende (bill) kubantu kodwa kulokho abakukhiphile bangama-40% abantu abakhokhayo.

"Uma ngilandelela kunenkampani eqashiwe ukuba ilungise ugesi, iyo eyalelwe ukuba icimele abantu ugesi, nginxuse uCFO ukuba kube nezisebenzi zikagesi ezintathu ezizosebenza ukucima ugesi, zibhekelele khona kuphela ngoba le nkampani ayizokubeka eqhulwini ukuba icime ugesi kodwa ukulungisa ugesi lapho kunenkinga khona ngoba vele inkontileka yayo isho njalo. Uma kungabethu sizokwazi ukukulawula futhi bazochaza kabanzi uma bengakwenzanga lokho abayalelwe khona," kuchaza uKhathide. Uthi ngenxa yale midanti yingakho ethi kunezinkinga ezakhiwe ngabantu.

"Ngitholile ukuthi kunezigidigidi ezi-R4 ezihleli kubantu ngabona ukuthi ikhona imali eMsunduzi ngakho-ke mina angiyilande ngizoyisebenzisa. Imali engangesigidigidi esi-R1, okungeyamanzi kuzomele ngithambise inhliziyo ngoba ngeke ngiyithole futhi angifuni ukumosha imali kaMasipala ngiyise abantu ezinkantolo ngoba ngeke nginqobe ngenxa yokuthi abantu abaningi abakweletayo badla imbuya ngothi kodwa kunabathize engizobalandelela ukuthi bakhokhe ngoba banawo amandla okukhokha," kuchaza uKhathide.

UKhathide uthe uyabahlinzeka ngemali ethile elekelela ukuthi kukhokheleke labo abadla imbuya ngothi, ingakho bezothi uma benza isabelomali bangathembeli kule mali ukuze bezokwazi ukuthi babe nesabelomali esiphilile futhi esizokwazi nokubasebenzela kodwa uneqhingasu elizocindezela izakhamuzi ukuthi zibhalisele ukungena ohlwini lwalabo okumele baxhaswe uHulumeni.

"Okumele kube seqhulwini kulo Masipala okwamanje ukuthi ukwazi ukukhokhela izikweletu zawo bese uba nemali ebekiwe yezinyanga ezintathu."

Uthe labo abakweleta imali yezidingo abazihlinzekwa uMasipala uma kumele badayise izakhiwo abazidayise okufanayo nabamabhizinisi. Uthe uyazi ukuthi kuba nokwesaba ukuthi osomabhizinisi bazobaleka uma bempintshwa kodwa yena uyazi ukuthi ibhizinisi elenza kahle ilelo elikhokhela izikweletu zalo ngendlela, hhayi ogombela kwesabo, kunalokho uma behamba kuzofika abanye abaziyo ukuthi ibhizinisi lisebenza kanjani.

"Ngifuna ukubheka abantu abali-100 okuyibo abakweleta kakhulu uMasipala, yibo-ke labo engizobajaha futhi ngaphambi kokuthi ngibavulele kuzomele bakhokhe okungenani ama-60% wesikweletu sabo," usho kanje.

UKhathide uphethe ngokuthi: "Ukugwenywa kokusetshenziswa kwemali kungenasidingo kusaqhubeka, imisebenzi ebisikhangisiwe ngisazoyibuyekeza ukuthi isemqoka kangakanani lokho ngizokwenza ngilawulwa umthetho iMunicipal Systems Act 60-61 lapho kubhekwa imisebenzi kaloyo onikwe igunya lokubhekelela izimali ngoba asikwazi ukukhangisa imisebenzi engekho bucayi futhi engeke isebenzele umphakathi."



**IMeneja entsha yaseMsunduzi uMnu uMadoda Khathide** (Isithombe: Igunundu Agency/ nguSiyathaba Mhlongo)

EZOKUPHATHA

# Okuthathu okubhekwe iMeya kuMphathi omusha

**nguSiyethaba Mhlongo**

EMVA kwesikhathi eside kuneBamba leMeneja uNkk uNelisiwe Ngcobo, uMkhandlu usuqashe iMeneja ngokuphelele. IMeya uMzimkhulu Thebolla ithi okokuqala abakubona kusemqoka ngenkathi befika eMkhandlwini ngoNcwaba nyakenye kwakuwukuxazulula ukungaboni ngasolinye phakathi koMkhandlu neMeneja yangaleso sikhathi uMnu uSizwe Hadebe.

"Safika lapha sihlukana noMnu uHadebe sase siqala uhlelo lokuqashwa kweMeneja entsha ngoba lesi isikhundla esimqoka ukuthi singahlala singenaye umuntu obhekene naso ngqo."

IMeya ithe mhla zingama-26 kuNhlolanja kophezulu uMkhandlu wathatha isinqumo sokuqoka uMnu uMadoda Khathide ukuba abe iMeneja yoMkhandlu entsha. "UMnu uKhathide ukwamukelile okubekwe etafuleni uMkhandlu."

IMeya ithe ukuvalwa kweze kubaphoxile kodwa bayakuqonda ukubaluleka kwempilo, bebezimisele ngokuthi ethi efika uKhathide ebe efinqa imkhono ngoba bayamazi ukuthi uyindoda enamava. Iqhube ngokuthi uKhathide usake waba ikhansela, waba ilungu Lesigungu esiphezulu eMkhandlwini (Exco) kuMaspala waseMnambithi osubizwa nge-Alfred Duma manje, waba inhloko yophiko iLocal Economic Development, wakhuphuka waba iMeneja kuwo lo Masipala. Ube eseyosebenza kuMasipala iDumbe waba iMeneja lapho eqashwe uMsunduzi esesebenza khona.

IMeya ithi le nsizwa ngesikathi isazibambe e-Alfred Duma ngaphansi kobuholi bakhe bathole imibiko yokucwaningwa kwamabhuku emibili engenagcobho okuyenza inqabakutholwa yeMeneja KwaZulu-Natal.



**Ngesikhathi iMeya yamukela iMeneja entsha** (Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyathaba Mhlongo)

"Enye yezinto eyenze sibone ukuthi usifanele lesi sikhundla ukuthi eNingizimu Afrika uMkhandlu onjengalona asebenza kuwona munye vo lapho kungekho qembu lezepolitiki elanqoba ukhetho ngowezi-2016, ngokwezibalo izihlalo ziyalingana ziyisi-8 amaqembu womabili ngesibalo samakhansela emkhandlwini."

IMeya iqhube yathi ubuholi bakhe yibo obumenze wahluka kunalabo abebedlana nabo imilala ngesikhathi befuna lo msebenzi ngoba uMkhandlu waseDumbe awukaze ungasiphasisi isabelomali kanjalo nohlelo lwentuthuko oludidiyelwe (IDP).

"Ngaphansi kwezimo ezinjengezalo mkhandlu asebenza kuwo, uMasipala awukwazi ukusebenza kahle ngaphandle kokuthi kube neMeneja esezingeni eliphezulu, ekwazi nokuthi ihlanganise amaqembu ezepolitiki ahlukene, lokho akusho ukuthi siwubukela phansi umsebenzi weMeya yaseDumbe kodwa kuwuMsebenzi weMeneja ukweluleka amakhansela, ilokho okumenze wehluka kwabanye.

Iqhube ngokuthi ulindele ukuthi abhekane nezinto ezintathu uma esefika eMsunduzi. Ukulungisa isimo sezimali, ngaphansi kwalokhu ukuthi aqoqe imali ekweletwa uMasipala, ehlise izinga lokwebiwa kwezinsiza zomphakathi njengamanzi nogesi ilabo abangakwazi ukukhokha, ehlise nezinga labantshontsha ugesi, enyuse isibalo salabo okumele bahlinzekwe ngezinsiza mahhala uMasipala, aphinde akwazi ukuxhumela oqhiphukhowe ezindaweni zabadla izambane likapondo kodwa abangakaxhunyelwa ngendlela yokuthi noMasipala uhlomule.

Okwesibili udaba lokulawulwa kokulahlwa kwemfucuza. "Sinenkinga yokusha kweLandfill Site, enye yezinto eholele ekutheni ishe indlela ebilawulwa ngayo, ibingaphathwa ngendlela yokuthi ihlangabezane nokudingwa yile ndawo. Sifisa aqinise kulo msebenzi ebesiwuqalile njengoba sesiqoke inkampani ezolungisa iLandfill ukuthi ibuyele esimweni," kuchaza iMeya.

Sifisa asilekele sikwazi ukuthi sithole izinsiza ezizolekelela ukuthuthwa kwemfucuza ikakhulukazi emizini yalabo abakhokhayo bese kube ukuhlanzwa kwedolobha.

Okwesithathu ukukwazi ukubuyisa usiko lokusebenza ezisebenzini zikaMasipala.

"Ngokwamava anawo ngiyakholwa ukuthi uzokwazi ukubuyisa lokhu ezisebenzini ngendlela yokuthi zikulangazelele ukuvuka ziye emsebenzini zingavuki ngoba kuyinto okumele ziyenze. Izisebenzi kumele zazi ukuthi lokhu ezikwenzayo siyakubona futhi siyakuthokozela ukuze zizokwazi ukuhlinzeka umphakathi ngendlela efanele ngoba okumqoka ukuthi sikhonela izakhamuzi zaseMsunduzi," kusho uMeya.

EZIKAMISS SOUTH AFRICA

# Iqhakaza kuMiss SA Inkanyezi yaseMsunduzi

**nguSiyethaba Mhlongo**

INKANYEZI yaseMsunduzi uNks uMatsepo Sithole (21) ohlala eMbali e-15 useqhakazise igama leNhlokodolobha emncintiswaneni wozime noma onobuhle uMiss SA. Le nkanyezi inxusa amavoti kuzo zonke izakhamuzi zaKwaZulu-Natal njengoba imele isifundazwe kulo mncintiswano osekusele kuwona izintokazi ezili-15.

"Ngaqala ukuthanda ukumodela ngisafunda ePietermaritzburg Girls High ngingenela unobuhle lapho ngalala khona isibili (2nd Princess), ngangenela unobuhle wasenyuvesi nyakene, e-University of Pretoria. Ngonyaka odlule ngaphuma phambili ngaba uMiss Tucks Village," kusho uMaSithole.

Uthe ubone ngonyaka odlule eqeda ukunqoba enyuvesi ukuthi kumele angenele uMiss SA wase eyawungenela.

"Ayikho into etheni eyangigqugquzela kepha kwaba umuzwa nje owangiholela ukuthi ngingenele ngoba vele ngiyathanda," kusho yena.

Uqhube wathi unezinhlelo anazo ukuqhakambisa iNhlokodolobha nesifundazwe. "Isifundazwe sethu siyaziwa emincintiswaneni futhi sinabo abantu abanqoba imiqhudelwanoo emikhulukazi yalapha eNingizimu Afrika njengoNoma owanqoba kuma-idols okungowalapha eMsunduzi nami ngifisa ukuthuthukisa ukumodela kuleli dolobha lakithi nokuthi lo mkhakha uvikeleke futhi uhlonipheke uphinde ubungazwe ngoba kukhona ukuthi ubukeleke phansi. Sibala abathwebuli, abalingisi, ababhali osonkondlo kanye nabaculi ngifisa ukuthi labo bantu bathole ithuba lokuqhakaza, lokho kuzomele kuqale lapha kulesi sifundazwe sakithi," usho kanje.

Uthe kuke kube nenkinga kubazali ngokuthi uma bezwa ingane ikhetha le mikhakha yezobuciko kube sengathi angakhetha enjengobumeli, ubudokotela,



**INDONI YAMANZI: UMtsepo Sithole oqhakazisa uMsunduzi kuMiss SA**
(Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyathaba Mhlongo)

ubuthisha noma ubuhlengikazi. "Lokho kungiphatha kabi ngoba ukunquma ukuthi into uyoyifundela kusuke kuyigxathu lokuqala lokufezekisa amaphupho akho futhi ngiyakholwa ukuthi singabantu sinamaphupho ahlukene futhi sonke esifisayo ukuthi amaphupho nezifiso zethu kuqhakaze futhi kufezeke."

UMatsepo uthe inkinga ukuthi lezi zingqinamba ziqala emphakathini zize zingene emakhaya ingakho kunzima ukuthi abazali bakubone njengekusasa elizoqhakaza nabangalifisela izingane zabo. UMaSithole wenza unyaka wesine ezifundweni zomthetho eNyuvesi yasePitoli.

Uthi isifiso sakhe ngalo mkhakha ukuthi uhlonishwe njengoba ubukeleka phansi. Uthe eminye inabakhulumeli kepha akekho oyizwi lonobuhle.

"Kumqoka ukuthi abantu balandele lokhu abakuthandayo. Ngifisa ukubona abantu bekwazi ukuphila ngamathalente abo. Ukhuvethe lubonakalisile ukuthi lo mkhakha usabukelwa phansi kanjani futhi awuvikelekile," kusho yena.

Uqhube wathi: "Izakhamuzi zingangivotela ngezindlela ezimbili, okokuqala uma usebenzisa iCredit Card uzongena kuwebsite yakwaMiss SA bese uyakutop 15, uzobona uhlu lwamagama bese uya kunombolo-8, uvotele uMatsepo, uyobe usvuka i-akhawunti lapho kudingeka i-email kanye nepassword, ube usufaka ukuthi uvota ngamalini. Uma usebenzisa imali noma ikhadi lase bhange ungaya ezitolo ezinkulu bese usho ukuthi uyovotela uMiss SA unombolo-8." Ivoti ngalinye libiza- R5.00.

"Nginomyalezo engifisa ukuwudlulisela entsheni yakulesi sifundazwe. Kumele uzazi wena, wazi ukuthi ufunani, ngaphandle kokuthi uphumaphi, amaphupho akho asazofezeka kuphela kumele uwaqhakambise kodwa okumqoka ukuthi usebenze ukuze aqhakaze," kusho yena.

Uphethe ngokuthi: "Ngithanda nokubonga umphakathi, abangivotele kuze kube imanje nalabo abebefisa nabo ngiyababonga ukwazi ukuthi igama lalesi sifundazwe bafuna liqhakaze lokho kusho lukhulu kimi."

IFAGUGU

# Alikazoshabalala igama nomnikelo kaGwala

**ngu-Anathi Mtaka**

NGOLWESIHLANU zingama-20 kuNhlaba loyo obalwa njengelinye lamaqhawe ekulweni nobandlululo, uMnu uHerry Gwala, ubeqeda imnyaka engama-25 adlula emhlabeni. Ukudlula kwakhe igama lakhe alishabalalanga njengoba eMgungundlovu, eMsunduzi, kwaqanjwa inkundla kanobhujuzwayo ngeHarry Gwala Stadium, okungasiyona inkundla nje engatheni kepha okudlalelwa kuyo ngisho imidlalo ye-ABSA Premiership, kwaphinde kwaqanjwa uMasipala wesiFunda ngokuthi iHarry Gwala District Municipality okunguMasipala owengamele iDr Nkosazana Dlamini-Zuma, uBuhlebezwe, uMzimkhulu kanye neGreater Kokstad. Igama likaMdala (Harry Gwala) lisaqhubeka njengoba isibhedlela esidume kakhulu esifundazweni iKwaZulu-Natal, i-Edendale Hospital, uMphathiswa Wezempilo kulesi sifundazwe, uNkk uNomagugu Simelane- Zulu, wamemezela ukuthi sizoguqulwa igama sibizwe ngeHerry Gwala.

Ukushintsha kwegama kwalesi sibhedlela isinqumo sikaHulumeni wesifundazwe, lokhu kusho ukuthi igama likaMdala lisebenze ezigabeni ezintathu zikaHulumeni lapha eNingizimu Afrika njengoba kuqanjwe ngaye inkundla yebhola leso kwakuyisinqumo sikaMasipala wasekhaya uMsunduzi, bese kuba isifunda okuyiso uqobo iHarry Gwala.

UMphathiswa uMaSimelane Zulu ngesikhathi ethula isabelomali soMnyango wakhe muva nje uthe: "ukuhlonipha izithukuthuku zikaMdala sesithathe isinqumo sokuqamba kabusha isibhedlela i-Edendale ngaye. Lokhu kulandela emva kokuthi kwasona isibhedlela uqobo sinomlando onothile emzabalazweni."

Waqhuba ngokuthi sebexhumene nomndeni kaGwala futhi bavumile ukuba bababoleke igama lakhe. "Sesixhumene noMasipala wesiFunda uMgungundlovu kanye noMasipala wasekhaya uMsunduzi njengoba kumele senze, okungukulandela imigudu efanele." Washo kanje.

Waqhuba ngokuthi basazoqhubeka beyiSishayamthetho sesifundazwe ukudingida lolu daba uma isikhathi sesibavumela kahle.

Okunye aveze ukuthi kuzokwenzeka ukulungisa indlela esibukeka ngayo lesi sibhedlela.

"Asizogcina ngokuthi sibukeke kahle izindonga kepha sifuna nalabo abasebenzisa lesi sibhedlela bazizwe bephatheke kahle, lokhu sizokwenza ngokuthi silungise indlela yokuziphatha kwezisebenzi ukuqinisekisa ukuthi lesi sibhedlela siwumfanekiso kaMdala," kusho uMphathiswa uMaSimelane Zulu.

UNkk uLindiwe Gwala-Gwambi oyindodakazi kaGwala, uthe bengumndeni bazizwa behlonipheke kakhulu ukuthi igama likayise lisazoqhubeka liphile emva kokudlula kwakhe emhlabeni. Uqhube ngokuthi lokhu kumhlonipha akusikona ukuthi wazabalaza nje kuphela kepha ukuthi wayezama ukunxenxa odokotela kanye nezinye izisebenzi ukuthi zingene enhlanganweni ebusayo.

"Ubaba wasebenza esibhedlela njengomabhalane kodwa waxoshwa ngoba wayenxenxa odokotela kanye nezisebenzi ukuthi bajoyine le nhlangano ebusayo. Siyakholwa ukuthi ngempela kufanele ukuthi lesi sibhedlela (Edendale) siqanjwe ngegama lika baba," kusho indodakazi kaGwala.



Iqhube ngokuthi izinhlelo zokushintsha lesi sibhedlela kade zaqala bajatshuliswa ukuthi bayabona sekuyaqhubeka. "Izinhlelo zaqala ngesikhathi uDkt uSibongiseni Dhlomo esanguMphathiswa woMnyango Wezempilo KwaZulu-Natal kodwa kunezingqinamba kwaphoqelela ukuthi kume okwesikhashana, uNkk uSimelane-Zulu ube eseqhubeka nalezi zinhlelo." kusho yena.

UMphathiswa Wezemfundo esifundazweni iGauteng, uMnu uPanyaza Lesufi, wanxusa abantu ukuthi balandele izimfundiso kanye nobuhlakani bukaGwala. ULesufi wakusho lokhu ngesikhathi ehambele kwaDambuza ehambisana neHarry Gwala Foundation beyonikela ngokudla kubantu bakule ndawo abaswele. Le nhlangano ikwenze lokhu njengengxenye yomgubho wokuzalwa kukaGwala njengoba mhla zingama-30 kuNtulikazi ngabe uqeda mnyaka eli-100 ukube usaphila, le nhlangano yapha imindeni eli-150 okuya ngasethunjini.

"Njalo uma ngize ekhaya likaMdala ngiyakhuthazeka ngijabule kakhulu kuhle kwengane uma ibona amaswidi esitolo, uma ngibona izithombe zakhe. Ngiyafisa sikhuthazeke siphinde silandele ezimfundisweni zakhe," kusho uLesufi.

Waqhuba ngokuthi igama lakhe alishabalele futhi liyohlezi likhona ngenxa yamagalelo akhe. "Ubuhlakani kanye nomqondo okhaliphile uyadingeka kuyimanje ngabe siqaphwe iwona futhi uyaseluleka," kusho uLesufi.

UNkk uNtombi Mthembu wenhlangano iHarry Gwala Foundation uthe lena ngenye yezinhlelo abazenzayo ukuhlanganisa abantu ukuba benze umehluko. Uthi indawo yakwaDambuza ngeyesithathu njengoba beqale eSoweto naseTshwane. "Sinethemba lokuthi sizokwazi ukushintsha izimpilo zemindeni ekhahlamezekile egameni likababa uHarry Gwala," kusho yena.